202 Manje, nxa singanzelela, lapha ngumfanekiso omuhle. Manje, *lapha* yiNgcwele ngcwele. Kulungile. *Lapha* yindawo engcwele. Futhi *lapha* ngokokuqala, ngaphambili kokubuya lapho, lu–lulwandle.

203 Kulungile, manje nanzelelani. Sisondele kanjani kuNkulunkulu na? “Ukholo luza ngokuzwa, ukuzwa iLizwi likaNkulunkulu,” Lokho kukhanyiswa kusuka endaweni eNgcwele ngcwele kungena kusithunywa sesikhathi.

204 Emuva phakathi, futhi lokho . . . Ethempelini likaSolomoni, kwapha ukukhanya, amakhandlela lawo akhanyisa ukukhanya kwawo phandle emcengezini wethusi. Ngakho, *lapha*, ingilosi yesikhathi sebandla ibonakalisa kulawo manzi ukuthi luMfo ophakathi *lapha* ngubani, ebonakalisa isihawu Sakhe, aMazwi Akhe, ukwahlulelwa Kwakhe, iBizo Lakhe. Konke kubonakaliswa phakathi lapha lapho owehlukaniswa khona ngokuKukholwa. Liyakuthola na?

205 Nanzelela ukuthi kuhle kanganani lapha, sasikhuluma ngakho ngolunye usuku. Khangela lapha, *lapha*, “Ngakho-ke silungisisiwe, silungisiswe ngokholo.” Kulungile, *indawo yesibili*, emva kokuba sesigeziwe, “sangcweliswa.” Futhi, *khona-ke*, “sagcwaliswa ngoMoya oNgcwele.” Ukulungisiswa, ukungcweliswa, ubhaphathizo lukaMoya oNgcwele! Liyakubona na? Wawunjani uMbiko Wakhe? Ukulungisiswa ngokuzwa; ukungcweliswa yilokho okwenzayo; futhi mayelana ngalokho okwenzileyo ekuthakazeleleni lokho, uNkulunkulu wakufaka uphawu ngoMoya oNgcwele.

206 Manje, wena, mfowethu weBaptisti, ngifuna ukukubuzisa enye into. Wena uthi, “Kuyini okunye uAbrahama angakwenza na kodwa ukukholwa uNkulunkulu? Futhi uNkulunkulu wambalela ukuthi yikulunga.”

207 Yikho kuphela ayengakwenza, khona *lapha*, Wakholwa uNkulunkulu. Kodwa uNkulunkulu, ukwamukela ukholo lwakhe, wamupha uphawu lokusoka futhi wamnameka ngophawu kutshengisa ukuthi uNkulunkulu wayesemu- . . . wamukela ukholo lwakhe. Futhi nxa usitsho ukholo kuNkulunkulu, futhi ungakaze ubekwe uphawu nguMoya oNgcwele . . . AbaseEfesu 4:30, nxa ufuna ukukubhala phansi, AbaseEfesu 4:30, “Lingamdabukisi uMoya oNgcwele kaNkulunkulu elibekwe uphawu ngaye!” Futhi awunamewanga uze wamukele uMoya oNgcwele.

208 Kuhlala isikhathi eside okunganani? Kuze kube yimvuselelo elandelayo na? “Kuze kube yikuhlangwa kwethu, lona kanye Usuku lukuhlangwa.” Akula ndlela yokuKubalekela. Awungeke

ukuKubalekele, ngoba Khona akusoze kukubalekele lawe. Bona? “Ngoba unamekiwe kuze kube luSuku lokuhlengwa kwakho.” “Akulalutho oluzayo, akulalutho lwamanje, izingozi, indlala, ukoma, ukufa, loba ulutho, olungasehlukanisa lothando lukaNkulunkulu olukuKhristu.” Uphawuli wathi, “Ngiqinisekile ngokugcweleyo ngalokho!” Nanko-ke! Nanko-ke, unamekiwe kuze kube luSuku lokuhlengwa kwakho.

<sup>209</sup> Nanzelela, lokho kuzaletha iSonto edluleyo—edluleyo njalo. Ngisaselesikhathi na? Nje ngi...Khangela, khangela lokhu, umoya...umoya, umphefumulo, lomzimba. Kulungile, bona: umzimba, umphefumulo, umoya.

<sup>210</sup> Manje, mangicitshe lokho futhi ngililungisele enye into lapha. Manje, ngizadweba enye into lapha, Angizange ngithole ithuba lokukudweba iSonto edluleyo ngakho ngakudweba lapha ngokwami ngakulesi siqephu sephepha elingumbala wethanga. Ngiyakufuna ukuze likubhale phansi futhi libone lokho engikutshoyo, manje, lina elilamapenseli enu. Manje, *lowu* ngumzimba; futhi *lowu* ngumphefumulo; futhi *lowu* ngu (hlamvunkulu M-o-y-a) Moya, uMoya oNgcwele. Kulungile. Manje, yikho lokho esenziwe ngakho.

<sup>211</sup> Nxa linganzelela ngalapha, indawo engcwele, iNgcwele ngcwele; *lapha* i-altare, indawo engcwele; futhi *lapha* ulwandle—ulwandle, yikho lapho ozwa khona iLizwi, “Ukhohlo lubuya ngokuzwa, ukuzwa iLizwi,” ukwahlukaniswa, ulwandle lokwehlukana, ulwandle lokwehlukana. Manje, nanzelelani lokhu. Manje, kulomnyango wokungena owodwa ukungena phakathi *lapha*, futhi lokho kumele ubuye *lapha* kuqala. Kunjalo na?

<sup>212</sup> Manje, ngiyafisa aluba ngilendawo, ngingabeka khona *lapha*, “i-izintombi.” lapho i...“iDili loMtshado,” ngokunye. Bona ukuthi lindoda yangena njani phakathi *lapha* eDilini loMtshado, futhi wangena ngenye indlela? *Lapha* kwakuloMnyango. UJesu wathi, “NginguMnyango.” Futhi litafula yomtshado yayihlezi *lapha* labantu bonke behlezi lapho, futhi lapha kwakulenywe indoda eyayingagqokanga iSembatho soMtshado. Futhi lapho iNkosi ingena, Yathi, “Ungene njani lapha, mngane wami? Ungene njani khona lapha?” Kuyatshengisa ukuthi akazange angene phakathi ngaluMnyango. Wangena efasiteleni kumbe wangena ngangemuva, kumbe ngesizivumankolo kumbe inhlanganiso yesonto. Akazange angene ngoMnyango!

<sup>213</sup> Ngoba emazweni asempumalanga akudala balokhu besaselento efanayo, umyeni ozakutshada, uyapha isimemo futhi anikeze isembatho emuntwini wonke omenyiweyo.

<sup>214</sup> O, inhliziyo yami ibhoda izungeza lokuzungeza kanjani lapho ngikucabanga khona! “Akula muntu ongeza Kimi ngaphandle uBaba Wami amnike isimemo kuqala, futhi

bonke uBaba Anginike bona bazakuza Kimi.” Sabizwa njani na? Ngaphambi kokusekelwa komhlaba amabizo ethu abekwa eBhukwini lokuPhila leWundlu, ukubona ukuKhanya, ukwamukela uMoya oNgcwele, ukuhamba Kuwo. Amabizo ethu (lapho iWundlu lihlatshwa) abekwa eBhukwini isikhathi esifanayo iBizo leWundlu labekwa lapho. IBhayibhili, singena kukho emva kwesikhathshana, lathi, “wakhohlisa bonke phezu komhlaba amabizo abo angabhalwanga eBhukwini lokuPhila leWundlu kusukela ekusekelweni komhlaba.”

215 Nanzelela, khona-ke nxa yena . . . umyeni ngokwakhe, lapho esima emnyango. Futhi umfo waletha isimemo, wathi, “Nanso lapha.”

216 “Ngiyabonga.” Wathatha isimemo, wasibeka phansi lapha, futhi wabeka isembatho kuye ukuze bonke bekhangeleke befanana. Ngiyakuthanda lokho! Bona? Emandleni kaNkulunkulu, eBandleni likaNkulunkulu ophilayo, abanothileyo, abayanga, ababotshiweyo, abakhululekileyo, abamnyama, abamhlophe, abansundu, abangumbala wethanga, bonke bakhangeleka okufanayo ngoba bembathiswe ngaMandla afanayo kaMoya oNgcwele. Bona?

Manje, kwatshengisa ukuthi akazange angene ngoMnyango.

217 Manje, nanzelela lapha. O, nxa umuntu wazama ukungena endaweni eNgcwele ngcwele (omunye umuntu, omunye umfundisi weBhayibhili wangitshela), nxa omunye umuntu eqala ukungena endaweni eNgcwele ngcwele engazange angene ngalapha, wafa. Amadodana kaAroni athatha umlilo ongajwayelekanga ngolunye usuku, umlilo wenhlanganiso yesonto (lapho kwaKungeyisiwo mlilo wenhlanganiso yesonto), futhi bafa emnyango. Kunjalo na? Kumbe amadodana kaEli, ngiyakholwa. Amadodana kaEli abangenisa, lapho kwakumela amadodana kaAroni owayengumpri.

218 Manje, manje, kulendlela eyodwa yokungena emzimbeni. Ubuswa kanjani lumzimba na? Manje, khangelisisa manje futhi lilungele lamapenseli enu elungiselele. *Lapha* lisango ngakululuhlangothi elingena emzimbeni: elokuqala, elesibili, elesithathu, elesine, elesihlanu. Manje, selikudwebile lokho na? Manje, isango lakuqala ngalapha yileli: ukubona, ukunuka, ukuzwa, lokunambitha, lokuthinta lokuzwa (loba yikuphi ofuna ukuba yikho akulandaba). Manje, leyo yimizwa esemzimbeni. Kunjalo na? Bangaki abakwaziyo lokho na? Imizwa eziyisithupha ibusa umzimba. Manje, silomphefumulo emva kokuba usudlule kulokhu. Imizwa ingaphandle, luhlelo olungaphandle.

219 Manje, phakathi *lapha* kuleyokuqala, eyesibili, eyesithathu, eyesine, eyesihlanu, izifanekiso ezinhlanu emphefumulweni. Manje, lifuna ukuzibhala phansi na? Eyokuqala ngumcabango, umcabango. Esesibili ngunembeza. Futhi esesithathu



ngumkhumbulo. Futhi esesine yikuzindla. Futhi esesihlanu yikufisa.

<sup>220</sup> Manje, lizibambile zonke na? Nxa lingazange, khona-ke ngaziseni khathesi. Lizibhalile zonke phansi na? Ukubona, ukunambitha, ukuthinta, ukunuka, lokuzwa; umzimba, yikho okuvuleke emzimbeni.

<sup>221</sup> Umphefumulo ngumcabango, unembeza, umkhumbulo, izindlo, lokufisa, kuyimizwa kumbe izifanekiso, njengemizwa yomphefumulo. Futhi umphefumulo yimvelo yomoya lowo ongaphakathi, ngoba umphefumulo ukhupha umumo walokho okungaphakathi kwakho. Kuthatha indawo yokungwelisa, umphefumulo unjalo, uhlezi esigabeni esifanayo lapho. Kulungile, manje, wonke... wonke umuntu ukubhalile lokho phansi na? Kulungile.

<sup>222</sup> Manje, *kuleli* sango kulelilodwa kuphela, isango elilodwa elibizwa ngokuthi “intando yakho.” Ungubasi walokho okungena phakathi lapho. Futhi kwenzani na? Kuyini lokhu na? *Umzimba* kufanele ugeze, umcengezi; ungewelise, khona *lapha*; egcwalise ngoMoya oNgwele, *lapha*, futhi lokhu kuba yisihlalo sokwahlulela sikaNkulunkulu njalo, lapho uNkulunkulu ahlala khona enhliziyweni yakho, futhi nxa usenza ulutho olubi, uthi, “Oo, minabo, ngenze okubi.”

<sup>223</sup> Abanye abantu bathi, “Akungicali uku—ukuba lenwele ezimfitshane,” abafazi. “Akungicali ukupenda inzipho kumbe ukupenda ubuso, kumbe loba yini okuyikho. Akungicali ukuya emdantsweni. Akungicali ukukhuluma amanga amhlophe amancinyane. Akungicali ukudlala umdlalo wamakhasi ephathini yamakhasi.” Liyazi ngani na? Awulalutho lokucala. “Lokho akulimazi unembeza wami.” Awula ngitsho unembeza ukwedlula inyoka ilezinqe. Ngakho wena nje... Awula nembeza, kakula lutho lapho ukukulimaza. Ungowomhlaba!

<sup>224</sup> Kodwa ngiyaligolomba ukuvumela uJesu Khristu angene phakathi *lapha* futhi uzame ukukwenza kanye! Mfowethu, uzakucalwa kangako uzakuphenduka futhi unyikinye ikhanda lakho usuke kuleyo nto kuqinisekile nje njengokuma kwami lapha, ngoba Ungwele. Lalela, ngicaphuna uMbhala, “Nxa lizithanda lezo zinto ezingumhlaba, izinto zomhlaba, kungenxa yokuthi uthando lukaNkulunkulu kalukho ngitsho kuwe.”

<sup>225</sup> Kwenzakala njani na? Ukuzithandela. Kungani ukubiza lokho ‘ukuzithandela,’ Mfowethu Branham?” Ngoba kubeka indoda lomfazi babuyele njalo njengo Adamu loEva esivandeni seEdeni. Phezu kwani? Izihlahla ezimbili! Ukuzithandela, *lokhu* yikufa. *Lokhu* yiMpilo, ukuzithandela. Ukungaziphathi... Ukuzikhethela! UNkulunkulu wabeka umuntu wokuqala, uAdamu loEva, khona lapha ekuzikhetheleni. Uyakubeka endaweni efanayo. Futhi indlela kuphela ongathola ngayo linto ukuba ilungisiwe phakathi *lapha* kuyikuzithandela kwakho.

Haleluya! Ukuzithandela kwakho! Kumele uthande ukwenza iNtando kaNkulunkulu. Kufanele utshiye intando yakho ukuvumela iNtando kaNkulunkulu ingene, ngoba leyi yiyo indlela kuphela ekhokhelela enhliziyweni.

<sup>226</sup> O, ungajoyina ibandla, lina maBaptisti lamaPresbyterian. Futhi lina maMethodisti lamaPilgrim Holiness lingabuya ekungcwelisweni. Kodwa kumele uthande ukwenza iNtando kaNkulunkulu, ukuzithandela, ukuvumela uMoya oNgcwele ungene phakathi *lapha*, ukuveza. “Lezi izibonakaliso zizakubalandela labo abakholwayo. EBizweni Lami bazakhupha odeveli. Bazakukhuluma ngendimi ezintsha. Bazabeka izandla zabo phezu kwabagulayo kumbe babambe izinto ezibulalayo, lokunjalo. Lezi zibonakaliso zizakubalandela labo abavumela intando yabo ibe yiNtando Yami, futhi lemisebenzi Engiyiyenzayo bazayenza labo.” Ngithemba alikukhuthi. Kulentando yokwenza iNtando kaNkulunkulu. Liyabona lokhu engikutshoyo na?

<sup>227</sup> Khangelani lapha, sikhuluma ngendawo engcwele, umcengezi. *Nanzi* izibane, izinti zezibane (esokuqala, esesibili, esesithathu, esesine, esesihlanu, esesithupha, esesikhombisa), ngasinye silokukhanya. Zikuthola ngaphi ukukhanya kwazo? UkhuKhanya kwazo kubonakaliswa ngaphi, Kubonakaliswa ngaphi na? Akubonakali lapha ekhoneni kweyinye inhlanganiso yesonto. Kubonakala emuva lapha eLizwini! Ngamanzi okwehlukhanisa. Whew!

<sup>228</sup> “Ngoba ukuphenduka lokwesulwa kwezono” (Lukha 24:49) “kumele kutshunyayelwe eBizweni Lakhe kuzo zonke izizwe, kuqalisela eJerusalema.” Kwafundiswa kanjani ukuphenduka lokwesulwa kwezono eJerusalema na? Kuze kufike ngaphi? Kumele kuhambe emhlabeni wonke. “Phendukani lina,” watsho uPhetro, kuMisebenzi 2:38, “futhi libhaphathizwe eBizweni likaJesu Khristu ukuze kwesulwe izono zenu.” Lowo Mbiko kumele uhambe umhlaba wonke, khona-ke ukuphela kuzakuza. Khona-ke ukuphela kuzakuba khona, emva luMbiko usuhambile kuwo wonke umhlaba.

<sup>229</sup> Kanjani, lezi izinti zezibane lapha zibonakalisa ukukhanya ngangapha kwamanye amaMethodisti, Presbyterian, kumbe inhlanganiso yesonto yePhentekhostali na? Awu, ngeqiniso hatshi!

<sup>230</sup> Kuyabonakalisa phakathi *lapha* njengo “NGINGUYE,” hatshi “Nganginguye.” Hatshi abantu abathathu kumbe abane abehlukeneyo, kodwa uNkulunkulu ehlezi phakathi lapho eZibonakalisa kwelinye lalinye lalawo mabandla. Khangela emuva lapho futhi ubone lokho abakwenzayo (sisanda nje kudlula embalini), baMbonakalisa njengalokho Ayeyikho, njengalokho Ayikho, futhi njengalokho azahlala Eyikho.

231 “Lowo owayekhona...” Masinya lapho uJohane ethola ukuWubona kokuqala, wathi, “Lowo Owayekhona, Okhona, loZaKuza, uNkulunkulu uSomandla, indalo kaNkulunkulu, uAlfa, uOmega, isiQalo lesiPhetho.” YikuKhanya kweqiniso okumele kubonakaliswe. LiyaKubona na? Amen! Whew!

232 Ngemva kwehola letshumi lambili nta, futhi nga—ngathola...Lalelani, asiphangiseni ukuze likubhale phansi. Ngiyazonda nje ukuligcina isikhathi eside, kodwa kangikwazi lapho engizalibona khona njalo. Bona? Futhi ngifuna ukuthi likuthole lokhu, bangane, leyi yiMpilo. Manje, khangela, angitsho ngoba ngiyaKutsho. Nxa ngi—nxa ngibonakalisa lokho okuthize...khona-ke ngi...a—aliyizwisisi inhliziyoyami. Kangizami ukubonakalisa, “O, lokhu nje... Alisilutho.” Angizami ukwenza lokho. Nxa ungakemukeli ukuKhanya, ngizama ukukukhomba koKunye lapha. Hatshi lokhu okulapha kuliphuluphithi, lokho OkusesiHlalweni sobukhosi. Futhi lesosiHlalo sobukhosi kumele sibe senhliziyweni yakho, khonake uzakubona yona kanye into efanayo ebonakaliswa lapha.

233 Kuyini *lokhu* phezulu lapha? Kubonakalisa *Lokhu*. Futhi *lokhu* yiLokhu, iLizwi. Sigezwe ngamanzi eLizwi, ngeLizwi; sigeziwe (ngamanzi okwehlukana) ezintweni zomhlaba—umhlaba, ngeLizwi. ILizwi lithi Ungofanayo izolo lanininini. Kalitsho ukuthi, “Ungofanayo esikhathini sePhentekhosti, emuva kubafundi, futhi-ke isikhathi esilandelayo Wantshintsha.” Hatshi, Ungofanayo! Bona? Awungeke ukwenze Kutsho olunye ulutho. Singahlala nje kokunye kwalezo zinto okwamahola, kodwa ngithemba ukuthi seliKubamba manje. UNkulunkulu ukubizile, uzaKuthola. Yikho lokho engikukholwayo. Kulungile, mnumzana.

234 Manje, kuyini na? Ukulungisiswa, ukungcweliswa, ubhaphathizo lukaMoya oNgcwele; umphefumulo, umzimba, umoya; konke kuyafana. Manje, isibane sibonakalisa iLizwi. ILizwi leqiniso libonakalisani na? Besingaba yini lesi isibane, nxa sasithola ukubonakalisa kwaso kuliNkazimulo yeShekhina na? Sasizabonakalisa iNkazimulo yeShekhina. Kunjalo na?

235 Nxa ulakho eseminari, ukukhanya kwakho, uzabonakalisa iseminari. Ukuthole eseminary yeMethodisti, uzabonakalisa isiMethodisti. Uyabonakalisa! Nxa ukuthole eseminari yePhentekhostali, uyabonakalisa isiPhentekhostali. Kodwa nxa uKuthole eNkazimulweni kaNkulunkulu, ngesihlahla esivuthayo...

236 Ngani, lapho uMose ephuma eBukhoneni Bakhe, kwakumele abeke olunye ulutho ebusweni bakhe, ngakho, abantu babangelakumkhangela. Kunjalo na? Wayegcwele amandla kaNkulunkulu.

237 UStefani, indoda egcwele uMoya oNgcwele. Bezama ukummisa, ngani, kwakunjengokuzama ukucitsha indlu

ngosuku olulomoya, etshayo; ukuyicitsha umlilo..lendlu isitsha osukwini olulomoya. O, ngesikhathi beyicitsha—yisikhathi beyivuthela, yikho beyibanga. Ngani, wawungeke uyimise. Ngokuqondileyo, lapho bembeka ngaphambi koMthethwandaba weSanhedrin, iBhayibhili lathi, “Wema lapho, ekhangeleka njengengilosi.”

<sup>238</sup> Manje, Angicabangi ukuthi i “ngilosi” kwakusitsho nje ukuthi waye yiSidalwa esithize simile lapho; kodwa, ingilosi iyakwazi khona kanye lokho ekhuluma ngakho. Kanjalo loba yiphi ingilosi, isithunywa sesikhathi seBandla, kasidingi sibuyele emuva siyebona ukuthi iseminari icabangani. Uyakwazi lokho uNkulunkulu akukhulumayo eBhayibhili Lakhe, futhi amandla abonakalisa ukuthi Yena ungofanayo izolo, lamuhla, lanininini. Yena kesabi, ukhuluma nje khona kanye lokho akwaziyo ukuba liQiniso. Futhi uNkulunkulu emile khona lapho eKusekela ngohlobo lunye lwezibonakaliso lezimangaliso ezifanayo, futhi kanye ngeLizwi elifanayo. Leyo yingilosi!

<sup>239</sup> UStefani wama lapho, wathi, “Ngiyakwazi lokho engikhuluma ngakho.” Wathi, “Lina bantamolukhuni labangasokwanga enhliziyweni lasendlebeni, lihlala lisala uMoya oNgewe. Njengalokho oyihlo bakwenza, ngakho liyakwenza lani!” Wathi, “Nguphi wabo yihlo ongazange abulale abaprofethi futhi-ke babakhela amathuna abo?”

<sup>240</sup> Lina nhlanganiso zamasonto, nguphi wenu ongazange enze into efanayo na? Bona? Ukwakha izindlu zobukhosi ezinkulu ezilemiduli emihlophe lendlu yezidumbu futhi lezinto ngalapha, futhi-ke libeselikhuluma ngoNkulunkulu! Yini kanye eMfaka phakathi kwemotshari, yini kanye eMfaka ethuneni. Yiyo kanye into eMfaka ethuneni emuva lapho, kwakulibandla eliyisitezi esimhlophe esikhulu, inhlanganiso yesonto, Abafarisi labaSadusi abambeka phakathi lapho futhi-ke bazame ukwakha isikhumbuzo Kukho.

<sup>241</sup> Mangilitshela ukuthi uKhristu yiBukho obuphilayo. Akasinto eyafayo, UYinto eya “vuka kwabafileyo futhi uyaphila kuze kube nininini.” O, mfowethu! Qiniso! Kuyini okukwenzayo na? Kubonisa na? Kubonakalisa *lapha*, kungaba yini na? Kwakuza bo-...Kuyini ukubonakaliswa Kwakhe kweqiniso na? Khona-ke into yokuqala eyayizabonakalisa, kwakuzakuba liBizo Lakhe. Kunjalo na? Kwakuzabonakalisa iBizo Lakhe. Into elandelayo ukubonakalisa, kwaku ngamandla Akhe. Bona lokho engikutshoyo na? Kwakuzabonakalisa konke Ayikho.

<sup>242</sup> Ngakho nxa *lokhu* kubonakalisa kulesisikhathi *lapha*, konke Ayeyikho, khona-ke Ungofanayo! Whew, dumo! Dumo! Kuyini na? Kumbonisa Yena njengalokho Ayeyikho, njengalokho Ayikho, njengalokho Azahlala eyikho, ngoba kubuya kuvela esiHlalweni sika Nkulunkulu; UJesu Khristu ofanayo izolo, lamuhla, lanininini; uNkulunkulu ofanayo, Amandla afanayo,

iNkazimulo efanayo, yonke into efanayo. Ungofanayo izolo, lamuhla, lanininini. O, mfowethu!

<sup>243</sup> Asiyeni phambidlana kancinyane. Manje, asithatheni konke okuseleyo kwalindima 6 ngalapha, yesahluko 4. Ngilezibabazo ezithile ezibhalwe phansi lapha kulokho, futhi ngifuna ukuphangisa futhi ngifike kikhona nxa ngisenelisa. Manje, o—okuseleyo, emva utshiya lesi isahl-...emva sitshiya lindima, kuyabhoda nje, kusitsho lokho abakwenzayo. Kasiboneni nxa singadlula ngalapho.

...ingilazi...ulwandle lwengilazi...(Manje, siyakwazi ukuthi lokho kwakuyini.) phakathi kwesihlalo sobukhosi,...ezine iZidalwa eziphilayo, izidalwa...

<sup>244</sup> Manje, manje, bangaki abalesihumutsho samanje seBhayibhili? Kusihumutsho sakhona samanje, lithi “iziDalwa eziphilayo.” Awu, Ngaswela ukuthi njani leyiKing James lapha yathi eziphilayo...kwakungezine “izidalwa”? Awu, Ngizithathela isichazamazwi sesiGreek—Greek, futhi ngabuyela kusichazamazwi seBhayibhili futhi ngafumana ukuthi lokho kwakusitshoni. Manje, nanku lokho okuyikho. Manje, nanzelelisani. Ibala elitolikiweyo lapha, manje likubhale phansi ukuze likukhangele, futhi, ukuba leqiniso. Bona, ngifuna ukuthi libhale phansi lokho engikukhulumayo, futhi... nxa lingenelisa futhi lifuna. Kulungile, ukutolikwa okutsha kuthi, “iziDalwa eziphilayo,” kikhona. Manje, khangelani:

Futhi...lapho...kwakuyizidalwa eziphilayo ezine zigcwele amehlo phambili langemuva.

<sup>245</sup> Futhi liyaqhubekela phambili futhi lichasise “izidalwa eziphilayo,” lokho esizafika kizo ngomzuzu. Manje, *izidalwa* lapha siyamelelwa. Ngabe ulakho okufundwa emphethweni weBhayibhili lenu, nge—nge*izidalwa*? Nxa ulakho, hamba emphethweni. Nginanzelela uDokotela Scofield lapha ulakho kumakiwe kwelakhe. *Izilo* zitsho ukuthi, ulakho lapha, uthi, “iZidalwa eziphilayo.” O, minabo! Manje, khangelani. Ibala lesiGreek lapho ngu, “Z, o-o ababili, m”...kumbe “Z, o-o ababili, n” kuyikho, “Z, o-o ababili, n.” Manje, ku—kusiGreek, kuthiwa yi Zoon lokho okutsho “isiDalwa.”

<sup>246</sup> Manje, akukho njalo...nxa ufuna ukukubala manje. Asisela sikhathi. Bengizakubala, kodwa Angila. Bhala phansi uSambulo 11, 13, lo 17. Manje, lapho *izidalwa* esikhona, izahluko kuSambulo 11, 13, lo 17, zibizwa ngokuthi *izilo* indlela efanayo; kodwa *izilo* lapho, ukutolikwa yi “t-h-e-r-i-y-o-n-i,” theriyoni. Ibala, ibala lesiGreek *theriyoni*, elitsho “eseganga, isilo esingathanjiswa.” *Theriyoni*, lokho kutsho “isilo esingathanjiswa, eseganga.”

247 Kodwa Zoon kutsho “isiDalwa,” bona, “IziDalwa ezine (Zoon) eziphilayo.” Hatshi *izilo* ze “ganga,” *theriyoni*; kodwa, “Zoon, iziDalwa eziphilayo.”

248 Futhi *theriyoni* yi “zilo, zeganga ezingathanjiswa.” Ngamanye amazwi, nxa ungakhanga isahluko 11, “isilo seRoma.” Isahluko 13, “iUnited States.” Isahluko 17, “zombili iUnited States leRoma,” zamabandla enhlanganiso zamasono zamanyana lesiKatolika kubenza babengabangaguqungana, abangathanjiswa eVangelini. Whew! Abangathanjiswa!

249 “Busisa uNkulunkulu, siphuma ebandleni elikhulu leMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, inhlanganiso yesonto yePhentekhostali. Siyakwazi lokho esikukhulumayo! Akulamuntu okhokhelayo... ozasitshela!” Nanko-ke. Abangathanjiswa! Abaguqulwana! Abangelathando lwemvelo! Abephula izivumelwano! Abamangalela abanye ngamanga! Abangasuthisekiyo! Labayeyise abalungileyo! Abalezimo zo...

250 [Indawo engelalutho ethephini—Mhl.]... dlulani kulokho manje. Futhi ngingathanda nje ukudabula leyonto ibeyiziqaziqa khona manje, kodwa ngi... ukuze kungene kulithephu, kungenani. Kodwa asila sikhathi sokukwenza. Manje, liyazwisisa. Bangaki abazwisisayo? Wothini “Ameni.” [Ibandla lithi, “Ameni.”] Bona, laba bayi...

251 Kuyini iZoon, Z o-o ababili n? IziDalwa eziphilayo. Kungabizwa ngokuthi Zoon, Z, o-o ababili, n. Ungakubiza njani lokho, “Zoon”? “Zoon,” Ngingatsho.

252 Futhi *theriyoni* yi t-h-e-r-i-y-o-n-i, *theriyoni*, bona. Ngakho lokho kutsho “izilo ezingathanjiswa, ezeganga ezilolunya.” Yikho lokho lezozilo... Wena thatha esakho... thatha isichazamazwi sakho sesiGriki futhi ubuyele emuva futhi ubone nxa kungayisilo bala elifanayo. Uyakhanga phakathi lapho futhi ukubone. Thatha ugwalo lwakho—lwakho lwesiGriki, thatha iEmphatic Diaglott yakho. Manje, fumana nxa lokho kungayisilo iqiniso, ukuthi lokho kuliqiniso, ukuthi kutsho ukuthi “isilo esingathanjiswa,” kuSambulo 11, 13, lo—lo 17.

253 Futhi lapha kuSambulo 4, kutsho “isiDalwa esiphilayo,” hatshi *izilo*; kodwa kubizwa “isilo” kodwa kayisikho. Into efanayo kuHezekeli 1:8, 1 kusiya ku :28, kuyikho. Mhlawumbe sizafika kiyongomzuzu.

Kulungile, “Esingathanjiswa, esingaguqulwana, isilo seganga.” Esingathanjiswa!

254 Kodwa *lezi* yizi “Dalwa eziphilayo.” Ziyini na? Azisizo Ngilos. Ngilitshelani, asibaleni kuSambulo 5, khona ngale kwekhasi. ISambulo 5, lendima 11:

*Ngasengibona, futhi...ngezwa ilizwi lengilosi ezinengi* (“ingilosi,” ubunengi) zihanqe *isihlalo sobukhosi* (“Le” yisihlanganiso.) *lezidalwa eziphilayo la...badala:...*

255 Bona, “le,” isihlanganiso. Bona? Zazingasizo Ngilosi, loba abadala, zaziyi “ziDalwa eziphilayo” esiHlalweni sobukhosi. O, alikuthandi lokhu na? IziDalwa eziphilayo! Kayisizo Ngilosi, ngoba lokhu kuyakufakaza khona lapha, bona:

*...Ngasengibona, futhi...ngezwa ilizwi lengilosi ezinengi* zihanqe *isihlalo sobukhosi lezidalwa eziphilayo labadala:...*

256 Manje kulenhlobo ezintathu ezehlukeneyo lapha. Ngithemba lonke selitholile uhlelo lolu phansi lapha kathesi. Manje, ngifuna ukulitshengisa. Kulenhlobo ezintathu ezehlukeneyo zakho, inhlobo ezintathu ezehlukeneyo (Manje, khangela.) kuhanqe isiHlalo sobukhosi.

257 *Nansi* isiHlalo sobukhosi. Manje, okokuqala kulesiHlalo sobukhosi yiziDalwa ezine eziphilayo. Ngaphandle kwalokho ngamatshumi amabili lane (kanjalo) abadala behlezi phezu kwesihlalo sobukhosi, phezu kwe—kwezihlalo zabo zobukhosi, izihlalo zobukhosi ezincinyane ngaphansi. Futhi kuhanqe lokhu, libandla elikhulu leNgilosi zihanqe isiHlalo sobukhosi. Bona lokho engikutshoyo? Zonke ngazinye zehlukene, eyinye kwenye. *Lapho* kule Ngilosi; *lapha* kulabadala; futhi *lapha* yiziDalwa eziphilayo.

258 Masingatshiyi lokho okomzuzu. Asikubambeni nje lapho okomzuzu, “iziDalwa eziphilayo.” Ziyini nxa zingaso Ngilosi, azisobantu abahlengiweyo na? Ziyini? Lingathanda ukuba kwazi? Nanko ukutolika kwami. Ngiyathemba kuqondile; ngiyakholwa kunjalo. Zingabalindi baka Nkulunkulu besiHlalo Sakhe sobukhosi. Manje, sizacitsha lokhu okwesikhathana nje. Manje, liyabona, azi—azisoNgilosi loba umuntu. Azisozilo zeganga. YiziDalwa, “iziDalwa eziphilayo.”

259 Manje, *lapha* yisiHlalo sikaNkulunkulu. Futhi *lezi* ngabalindi Bakhe. Kasibaleni nje kancinyane ngalokho futhi sifumane ngemizuzu embalwa. Bona, ziNgilosi zikaNkulunkulu kumbe abalindi bakaNkulunkulu besiHlalo Sakhe sobukhosi, futhi ba...Kasitholeni...nje—nje umzuzu njalo, asibuyeleni ngemuva kuHezekeli. Ngi—ngilezinto lezi zibhalwe lapha, futhi ngiyazonda nje ukuzidlula, ngiyakwazi ukuthi leyu yi... [Indawo engelalutho ethephini—Mhl.] Kasibuyeleni ngemuva kuHezekeli isahluko 1, futhi kasiqaliseni ngendima 12 kusiya kundima 17, okomzuzu nje.

*Futhi zahamba yilesa laleso siqonde phambili:...*

260 Manje, sizakhangela ngemizuzu emilutshwana...Futhi liyakhumbula lindima yesi 7 lapha, manje, khangelani ukuthi

zazikhangeleka njengani lapha kundima 7 yesahluko esifanayo seSambulo, “ezine.”

*Lesidalwa esiphilayo sokuqala sasinjenge silwane, . . .  
 isidalwa esiphilayo sesibili sinjenge thole, . . . isidalwa  
 esiphilayo sesithathu sasiyibuso . . . silo . . . obomuntu,  
 futhi izidalwa eziphilayo ezine zazinjenge . . .  
 ngqungqulu eziphaphayo . . . isidalwa esiphilayo  
 sesine . . . njenge ngqungqulu ephaphayo.*

<sup>261</sup> Manje, lapho uHezekeli ebona iNkazimulo kaNkulunkulu, wabona into efanayo uJohane ayibonayo. Liyakhumbula iSonto edluleyo ukuthi sathola njani “iNkazimulo kaNkulunkulu,” futhi sathola umfanekiso lapho AyeWuthethe kanye lathi? Liyakukhumbula lokho na? “iNkazimulo kaNkulunkulu,” into efanayo uHezekeli ayibonayo, into efanayo uJohane ayibonayo, nansi Ilapha lamuhla. Kwenza uJesu Khristu ofanayo ngesikhathi sikaHezekeli, into efanayo yayilapha emhlabeni, uNkulunkulu ofanayo olapha kanye lathi lamuhla; ofanayo izolo, lamuhla, lanininini; Lowo owaye Khona, OKhona, loZaKuza; intuba emphefumulweni, umzimba, lomoya; ulwandle lwethusi (iLizwi), umNgcwelisi wemphefumulo yethu, futhi uMgcwalisi ngoMoya oNgcwele. Into efanayo, bona, okufanayo nje!

<sup>262</sup> Manje, khangelani lokhu. Kulungile:

*. . . futhi umoya . . . lobangaphi ezayakhona; . . .  
 manje . . . ukuhamba, zahamba; futhi azitshibilikanga  
 ekuhambeni kwazo.*

<sup>263</sup> Zazingatshibiliki. Nxa zazihamba *ngali* ndlela, zazihamba njengomuntu; zihamba *ngali* ndlela, zazihamba njengegqungqulu; zihamba *ngali* ndlela, zazihamba njenge nkabi; ukuhamba *ngalindlela*, zazihamba njengesilwane. Zazingeke zihambe nyovane! Zazimele zihambe phambili yonke indawo eziya khona, inye ngayinye yezidalwa eziphilayo. Manje, *isilo* sitshoni eBhayibhili ni na? Amandla. Kulungile, sitsho “amandla.”

<sup>264</sup> Manje:

*Mayelana lomfanekiso wezidalwa eziphilayo,  
 futhi ukubonakala kwazo kwakunjengamalalele  
 omlilo avuthayo, futhi njengo . . . kwe . . .  
 ukubonakala kwezibane: kwahamba kusiya le lale  
 phakathi kwezidalwa eziphilayo; njalo umlilo  
 wawulokukhazimula, njalo emlilweni kwakuphuma  
 ukukhanya.*

Lowo nguNkulunkulu. Kusuka emlilweni kwaphuma ukuKhanya; hatshi ukukhanya kwezulu lomhlaba, manje, ukuKhanya okulaPhakade.



*Futhi izidalwa eziphilayo zagijima futhi zatshibilika (Asiboneni)... izidalwa eziphilayo zagijima zaphenduka futhi njengokubonakala kokuphazima kombane.*

*Manje ngathi ngikhangela izidalwa eziphilayo, khangela-ke ivili elilodwa lalisemhlabeni eceleni kwezidalwa eziphilayo, ebusweni baso obune.*

*Ukubonakala kwamavili...umsebenzi wawo kwakufanana...lombala we...bherule: njalo zozine zazilesimo sinye: lokubonakala kwazo lomsebenzi wazo kwaku...kwakulivili phakathi kwevili.*

265 “Uyini umfanekiso lapha, Mfowethu Branham? Uyini na?” Kutsho ukuthi laba abalindi—laba abalindi babengumtshokotsho kaNkulunkulu...Babephakathi kohambo, begiqika emavilini lapho uHezekeli ebabona; kodwa lapho uJohane ebabona, basebevele bafika esikhundleni sabo eZulwini. Umtshokotsho kaNkulunkulu wawusemhlabeni, ugqika emavilini, njengalokho bekuthatha usuka indawo ngendawo, kutsho ukuthi wawuphakathi kohambo, bawuthatha yonke indlela kudlula enkangala futhi yonke indlela kusiya ethempelini lokunjalo; kodwa manje wamukelwe phezulu ngoba isikhathi seBandla sesiphelile, futhi usuwamukelwe phezulu eNkazimulweni. Bona? Usumi ndawonye manje, eZulwini, kanye leNgilosi zonke futhi lezinto zikuzingelezele. Siyabafumana emva kwesikhathshana bekhupha imiqhele yabo futhi besiya ngobuso babo futhi besipha inkazimulo Kuye. Bona? Kwakungabalindi bakaNkulunkulu bethempeli, bomtshokotsho.

266 Manje, khumbula abalindi bakaNkulunkulu bomtshokotsho, kumbe isihlalo somusa. Manje, khumbulani. Kwabangaki, uJohane wabona, abangaki na? Ezine. Zingaki azi—azibonayo yena na? Wabona ezine, laye, iziDalwa ezine eziphilayo. Manje, khangela, bona bobabili babona umbono ofanayo.

267 Futhi okune yinombolo yomhlaba. Belikwazi lokho na? Bangaki abakwaziyo manje singakenzi okokungena kukho, okune yinombolo yomhlaba? Sibili! NjengamaHebheru amane...Kungumhlaba-...Kuyinombolo yomhlaba, yo “kukhululwa, ukukhululwa.” Manje, gcina lokho engqondweni yakho, “inkululeko,” ngoba ngiza kuthinta, ngomzuzu nje, okuzwayo sibili. Bona, “Ukukhululwa!” Manje, kwakulabantwana bamaHebheru abathathu esithandweni somlilo, kodwa Owesine weza, kwakuyikukhululwa. ULazalo wayesethuneni insuku ezintathu, kodwa olwesine lusiza wakhululwa. Okune yinombolo kaNkulunkulu yo “kukhululwa,” ngakho kwatshengisa ukuthi leziziDalwa zifanele zibe lokwenza ngomhlaba.

268 Ngithemba kalilambanga kakhulu khathesi. Ngithemba ukulangatha kwenu komoya kuphezulu kancinyane—kancinyane ngaphezu kokwemvelo manje. Bona? Kulungile.

269 Manje, nanzelela, “Zilamehlo” (kuHezekeli phakathi lapha) “ngaphambili langemuva langaphakathi.” Kasibaleni nje lokho. Khangela lapha, bona. Liyabona phakathi lapha, ngiyakholwa bakhuluma lapha, “izidalwa eziphilayo,” ubuso obune, njengengqungqulu, lempiko, zigcwele amehlo ngaphandle, ngaphakathi. Khangela lapha:

*Futhi izidalwa eziphilayo ezine futhi ngasinye saso  
sasilempiko eziyisithupha kuso; . . .*

270 “Futhi zaphapha,” lokunjalo, “futhi zazilamehlo ngaphandle, ngaphakathi, langemuva.” Kwakuhluma ngokuhlakanipha kwazo. Zazikwazi lokho okwakukhona, okukhona lokuzakubakhona; ngoba zaziseSihlalweni kanye, eduze kangako zaze zangabi ngabantu. Abalindi bethempeli, kumbe, hatshi abalindi bethempeli (Abalindi bethempeli, inkulungwane elikhulu lamatshumi amane lane.), kodwa lowu ngumlindi wesihlalo somusa, abalindi besiHlalo sobukhosi, isiHlalo sobukhosi, khona phezulu eceleni kukaNkulunkulu, “iziDalwa eziphilayo,” into elandelayo kuNkulunkulu, imile lapho. Inhlakanipho yazo, ziyakwazi okwakukhona, okukhona, lokho okuzakuza. Zazi la “mehlo ngaphandle,” kutshengisa lokho ezazikubona, lokho okuzayo; “amehlo ngaphakathi,” zazi yonke into manje; futhi “amehlo ngemuva,” zazisazi okwakukhona. Okwakukhona, okukhona, lokuzakuza, kubonakalisa ezikhathini zebandla “Lowo owaye Khona, OKhona, loZaKuza; UJesu Khristu ofanayo izolo, lamuhla, lanininini.”

271 Zibambeni zona manje. Sizatshayela leyo nto ize itshaye ebhodini emnyama ngemizuzu embalwa. Kukhangele. Manje, okomzuzu nje.

272 Kuyembula ulwazi lwazo, futhi kwatshengisa ukuthi zazikwazi, ukwazi. Zazisazi yonke ikusasa lamanje lokwedlulayo, lakho konke ngakho!

273 Futhi lezazo. . . Zazingadinwa. Azizange zidinwe. Zazingeke zibe ngokunye okuxhunyaniswe lomuntu, uyadinwa. Kodwa zazingadinwa, zahlabela “Ngcwele, ngcwele, ngcwele! Ngcwele, ngcwele, ngcwele! Ngcwele, ngcwele, ngcwele, Nkosi Nkulunkulu Somandla! Ngcwele, ngcwele, ngcwele!” usuku lonke ubusuku bonke kuso sonke isikhathi. “Ngcwele!”

274 Kasibuyeleni emuva nje okomzuzu. Asibuyeleni emuva, ngiloMbhalo engqondweni, uIsaya 6, khona ngokuphangisa. Khangela! UIsaya wabona into efanayo khona kanye.

275 Wonke umbono weNkosi. . . Yikho lokho engikutshoyo. Nxa imibono esilayo lamuhla ingayisiyo yona kanye imibono yeBhayibhili, khona-ke ayilunganga. Nxa ibonisa, kumbe, loba

yisiphi isambulo esitshengisa uNkulunkulu loba yini kodwa ngaphandle kwalokho Ayehlezi eyikho, yisambulo esingayisiso. IBandla lonke lakhiwe phezu kwaso, UMathewu 17.

276 Kasiboneni, uSaya, isahluko 6. Lumprofethi omncinyane wayeyame engalweni zenkosi enhle, futhi wayemthengele zonke inhlobo zempahla ezinhle. Futhi wayengumprofethi, futhi wayeqhuba ngalapho konke lapho... Kodwa ngolunye usuku inkosi yafa, ngakho kwakufanele a—kwakufanele azibonele ngokwakhe. Ngakho wehla phansi ethempelini ukuyakhuleka. Ngoba waqala ukuphuma ngaphakathi lapho indawo yenkosi eyayikhona, khona-ke, ukuthola i... Inkosi endala enhle yayiyindoda engcwele. Kodwa waphuma phandle futhi wabona ukuthi abantu babephila njani, ngakho wehla phansi ethempelini. Manje, lalelani.

*Ngomnyaka lowo inkosi uUziya esifa ngabona iNkosi  
ihlezi esihlalweni sobukhosi, esiphezulu lesiphakemeyo,  
lemiphetho yesembatho sayo yagcwalisa ithempeli.*

277 Dumo! Kuyini “Imiphetho yesembatho Sakhe”? Nanko lapho, “INGilosi, Izidalwa,” Imiphetho yesembatho Sakhe eyaMlandelayo. Imiphetho yilokho okubuya ngemuva, bona?

*... imiphetho yesembatho sakhe yagcwalisa  
ithempeli.*

*Futhi ngaphezu kwakuyo kwakumi amaserafi:  
futhi lelo lalelo lalilempiko eziyisithupha; ngezimbili  
lagubuzela ubuso balo, ... langezimbili lagubuzela  
inyawo zalo, langezimbili laphapha.*

*Lelinye lamemeza kwelinye, lathi: Ingcwele, ingcwele,  
ingcwele i Nkosi yamabandla: umhlaba wonke ugcwele  
nge... nkazimulo.*

*Futhi lapho insika zomnyango zasezinyikinyeka  
ngenxa yelizwi lomemezayo, lendlu yagcwala intuthu.*

278 Minabo! O, minabo! Lokho kuyatshengisa leyo mibono iyafanana khona kanye nje komunye lamunye walawa madoda. “Ngcwele, ngcwele, ngcwele!” Awadinwa, imini lobusuku, “Ngcwele, ngcwele, ngcwele, eNkosini!”

279 Kasibuyeleni emuva umzuzu nje khathesi, ukuba leqiniso ukuthi sibathole kahle abafu laba. Isikhathi sokuqala leso abalindi laba beqanjwa, sikuGenesisi. Manje, khumbula, yonke into esiyitshumayelayo kufanele ukuthi iphume kuGenesisi isiya kuSambulo. Loba yisiphi isikhathi ofuna ukubuza, buya uzongibuza. Bona? Kumele kube liBhayibhili lonke, hatshi ingxenye yalo nje, ngoba uNkulunkulu akaguquki! Lokho Ayeyikho kuGenesisi, Uyikho lamuhla, futhi Wayeyikho esikhathini saphakathi. Uhlezi engofanayo! Bona? Manje, kuGenesisi, lapho amaKherubhi lawa... Yiyo indlela

engiwathole ngayo, ngenza okokubuyela emuva ukufumana lokho ayeyikho ekuqaleni.

<sup>280</sup> Kasivuleni kuGenesisi 3:24, okwesikhatshana nje manje. Genesisi, isahluko 3 lendima 24. LiyaKuthanda na? [Ibandla lithi, “Ameni.”—Mhl.] Kulungile. Manje, kasiqaliseni ngokungaba yindima 22. Ngi—ngiyakuthanda nje Lokhu! Leyi ngenye into engifuna nje ukuyifaka phakathi lapha, okungezelelweyo kancinyane nje, kodwa kungenza okuhle kakhulu kwelinye ilanga.

*Futhi i NKOSI...yathi, Khangela, umuntu usebe...  
njengomunye wethu,...*

<sup>281</sup> Manje, bodade bami abalothando labaligugu labathandekayo (mangikubeke njenga lokho.) lingacabangi ukuthi ngiphosela isigcono phezu ko—kokuthembeka lokuba lomusa, ubufazane obulugugu. Ngizama ukutshengisa lapha lokho umfazi...Ngiyacela! Futhi lakini elikumathephu, lina bafazi elizabe lilalela kulithephu, angizami ukuligcona, Ngiyinceku yeNkosi kuphela ukuletha ukuKhanya. Into engaphansi futhi lokungaziphathi lento engcole kakhulu emhlabeni ngumfazi lapho emubi. Futhi legugu elihle elikhona endodeni, ngaphandle kosindiso lwakhe, ngumfazi olungileyo. Futhi ngikhuluma kulowo ophansi, ongaziphathiyo, oyehliselweyo. Futhi ngizalitshengisa khona lapha lapho sisasekukho, ngingahle ngilitshengise nje ukuthi kungani ngi... ukuthi iBhayibhili lifundisa abafazi ukungabi ngabatshumayeli, abelusi, abafundisi, kumbe loba yikuphi okunye ebandleni. Manje, lalalani nje kulokhu:

*Futhi iNKOSI...yathi, Khangela, umuntu usebe...  
ngomunye wethu, (Manje, Akazange athi umfazi usebe  
ngomunye, “indoda isibe ngomunye.”)...futhi yazi  
okuhle lokubi:...(Umfazi kazange; wakhohliswa.  
Liyakubona na?)*

<sup>282</sup> Manje, uPhawuli wathi, “Angivumeli owesifazana ukuthi afundise kumbe abe lamandla, kodwa...ngoba uAdamu wabunjwa kuqala futhi kwalandela uEva. Futhi uAdamu kakhohliswanga, kodwa umfazi wakhohliswa.” Ngakho kazange abe ngomunye kaNkulunkulu. Akazange azi umehluko, wakhohliswa. Liyakuthola na? Nxa likuthola, wothini “Ameni,” ngakho ngi... [Ibandla lithi, “Ameni.”—Mhl.]

*...i NKOSI...yathi, Khangela, indoda isibe...  
ngomunye wethu, ukwazi okuhle lokubi: futhi wazi...  
futhi manje, hlezi elule isandla sakhe, futhi athathe  
njalo okwesihlahla sokuphila, futhi adle, futhi aphile  
kuze kube nininini:*

*Ngakho-ke i NKOSI...yamkhupha esivandeni seEdeni  
ukuthi alime umhlabathi, lapho athathwa khona.*

*Ngakho yasimxotsha umuntu; yabeka empumalanga kwesivande seEdeni amaKherubi, lenkamba ephaphayo. . . inkemba evuthayo ephenduphendukayo, (Bona izidalwa eziphilayo ezine? Kulendlela ezine kuphela ongahamba ngazo, bona: impumalanga, inyakatho, intshonalanga, leningizimu. Lawa maKherubhi ayelenkamba evuthayo esangweni lesivande. . .) ukulinda indlela yesihlahla sokuphila.*

283 Ngoba uba umuntu wayenga bamba iSihlahla sokuPhila, khona-ke engaphila kuze kube nininini.

284 Futhi lawa maKherubhi, aqanjwa kuqala, abekwa esangweni lasempumalanga kwesivande, ehamba indlela ezine. Bekufanele ngabe ngenze lokho kwehluka kancinyane kulalokho; Angeke ngenze ngokulungileyo ekulayeni kukaNkulunkulu lezinto ezinjengalezo, kodwa nje ngi—ngi. . . ukuze kuthi lazi lokho engikutshoyo. *Nanso* isivande seEdeni. Futhi leli lisango khona *lapha*, livuleka *lapha*, litshibilikela phandle, futhi kuleli sango kwaku lamaKherubhi. AmaKherubhi! Futhi, khumbula, alitsho ukuthi “iKherubhi,” lathi “AmaKherubhi.” AmaKherubhi abekwa lapho ukulinda Ini na? IsiHlahla sokuPhila. Yikho Lokho akwakufanele zivalinde, iNdlela yesiHlahla sokuPhila. INdlela, Ngubani iNdlela na? [Umzalwane uthi, “uJesu.”—Mhl.] Kubonakaliswa kuvela ngaphi na? *Lapha* yindawo engcwele, *lapha* ngamaKherubhi.

285 Manje, khangela, beka konke lokhu phansi. *Lapha* yiNgcwele—Ngcwele. . . le iNgcwele ngcwele, iNgcwele ngcwele, *leyi* yindawo engcwele, futhi *lapha* lulwandle futhi *lapha* yikukhanya kwamakhandlela, okuyisikhombisa lokho okubonakalisa ukuKhanya okuvela *lapha*, phakathi *lapha*, phakathi *lapha*, phakathi *lapha*, phakathi *lapha*, phakathi *lapha*. Bona? Kuyini lokho akubonakalisayo na? Alindile futhi ebonakalisa ngoMlilo kaNkulunkulu iNdlela yokuya eSihlahleni sokuPhila. Bona, akungeke kubuye kuvelela *lapha* iseminari yePresbyterian kumbe iseminari yePhentekhostali, kumele kuvele *Lapha*, kubonakalisa ukuKhanya. Kulungile.

286 Liyananzelela, lawa—lawa maKherubhi uJohane awabonayo *lapha* abelokuthanda ukugcina isiHlahla sokuPhila, ngakho kumele zibe lokuthakazelela abantu. Kumbe bala uGenesisi, sibuyela ngemuva kuGenesisi njalo, “Agcina isiHlahla sokuPhila, aSilinda, iNdlela yokuPhila.” INdlela yokuPhila! Injani iNdlela na? UJesu wathi, “Ngiyileyo Ndlela. Ngiyileso Sinkwa esavela kuNkulunkulu eZulwini. Nxa umuntu esidla lesiSinkwa, uzaphila kuze kube nininini.” Manje kuleNdlela yokubuyela kuleso siHlahla sokuPhila. Liyakubamba na?

287 Manje, kulokhu, ngifuna ukutshengisa manje futhi ngenze lokhu kuqiniseke: li-altare. Manje, lokhu kufanele kube li-altare esivandeni seEdeni. Ngizalitshela ukuthi ngani. Liyakhumbula bobabili uKhayini loAbela babuya phezulu lapha ukuzokhonza? Ngakho lokho kuyautshengisa ukuthi i-altare kaNkulunkulu yasuswa futhi yabekwa lapha esivandeni se-Edeni, futhi indlela kuphela yokubuyela e-Edeni kunge altare. Nanku lapha njalo, bona, ukubuyela e-Edeni nge-altare. Futhi kwakufanele agcine leyo ndlela lapho, ayigcine, ukuthi babengeke babuyeke lapho kuze kuthi li-altare imbozwe ngegazi.

288 O Nkulunkulu, angeke abantu bakubone yini? Bona, akula kodwa iGazi! Kumele kube lenhlawulo, isihlalo somusa lapho, li-altare yokwalulelwa kumele ibe yisihlalo somusa; futhi lapho li-altare, nxa iGazi liphakanyiswa, lapho kuzakuma kuloloSuku lokwahlulelwa umlilo wolaka lukaNkulunkulu ukulinda lesosiHlahla njalo. Into eyodwa kuphela izangena kuleli isango ukuya e-Edeni njalo, lizakuba eGazini lika Jesu Khristu. Liyakubona na?

289 Manje, nanzelela. Yebo, manje uKhayini...O, *nangu* uKhayini; futhi *nangu* uAbela, uAbela. Kulungile. Manje, bobabili abafana babuya kulelisango ukuzokhonza. Kunjalo na? Ngakho kufanele ukuba kwakuyi-altare kaNkulunkulu. Kunjalo na? Futhi kungakabi le-altare leli bakha esikhundleni, elinye i-altare. *Nanti* i-altare leqiniso likaNkulunkulu, lisenhliziyweni yomuntu. Khona-ke kuleyinye i-altare phansi *lapha*, elalimela iNgcwele ngcwele endaweni engcwele.

290 O! O! Ngizwa sengathi ngikhulume ngendimi. O, minabo, iNkazimulo ka...Kaliboni ukuthi Kuphelele? Nanzelela nje! O, isizatho ngikhulume lokho, ngoba angitholi amazwi enelayo olimini lwami lwesiNgisi ukutshengisela imizwa yami. Bona, into yokutshengisela.

291 Njengo Mfowethu Rowe, inxusa kuMongameli...phose abane kumbe abahlanu oMongameli abehlukeneyo, wathi, "O, Mfowethu Branham, ngobunye ubusuku ngabuya emhlanganweni." Wathi, "Angizange ngibekwazi ukuthi ngenzeni," wathi, "ngema phandle lapho." Futhi wathi, "O," wathi, "Ngithande iNkosi impilo yami yonke." Wathi, "Bengiyi" (Ngicabanga) "Episcopalian." Wathi, "Futhi ngacabanga ukuthi ngangiyazi iNkosi." Wathi, "Futhi ngobunye ubusuku ngakhangele ngalapho, angizange ngibe kwazi ukuthi ngenzeni." Wathi, "be—bengingasoze ngingene ngeze, kodwa" wathi, "Ngezwa iLizwi lisiza. O, Laqala ukubuya." Wathi, "Ngaqala ukuhamba phezulu laphansi ngaphandle kwethente, ngihamba emuva laphambili," futhi wathi "khonapho angizange ngenelise ukungena emnyango, Ngakhasa phansi kwawo lapho ukubizwa ku-altare kusenziwa, futhi ngagijimela ku-altare futhi ngawela phansi, wathi, 'Nkosi, ngiyisoni!'" Futhi wathi, "Khona-ke Wangigcwalisa ngoMoya Wakhe oNgcwele."

292 Futhi wathi, “Ngiyenelisa ukukhuluma indimi eziyisificaminwembili ezehlukeneyo,” ngoba ulinxusa. Bona? Yena uyi...uphakathi kwe...yena-yena u-ulinxusa kuMongameli, futhi...yonke indlela kusuka eWoodrow Wilson kusehla. Ulinxusa kubo bonke oMongameli bethu, inxusa lezizweni, engakhuluma loba luphi ulimi lwezizweni. Wathi, “Uqobo ngazi ulimi lonke olulotshiweyo emhlabeni.” Kodwa wathi, “Ngangigcwele inkazimulo angenelisanga ukusebenzisa loba yiluphi lwalo ukuMdumisa, ngakho iNkosi yanginika olutsha oluvela eZulwini ukuMdumisa ngalo.” O! oo! Nanko-ke.

293 “Elinde leli isango.” UKhayini loAbela babuya lapha ukuzokhonza. Ngakho kufanele ukuba yi-altare ayelilinda. Kunjalo na, lawa amaKherubhi?

294 Enye into, nanzelela nampu obunye ubufakazi. UKhayini... Khangela iBhayibhili manje! Bengizakuthi livule kulo, kodwa li...lingabi lendaba, liyakuthola kuGenesisi. Kulungile, khangela. UKhayini waphuma, uKhayini wasuka eBukhloneni beNkosi esangweni esivandeni. Ngakho uBukhona beNkosi kufanele babuse-altare, futhi i-altare lalisesangweni. Dumo! O! Kulungile. Kuyindawo kaNkulunkulu yokuhlala, ku-altare Yakhe. Manje, uKhayini wasuka eBukhloneni beNkosi, kulindawo. Lifuna ukukubhala phansi na? Genesisi 4:16, nxa lifuna ukukubhala phansi. Manje, manje, likubambile konke lokho, likubambile, likubhalile phansi na?

295 Manje, ngilenye into engifuna ukuyidweba lapha okomzuzu nje. Ngithemba nje indumba zenu azitshi, kumbe loba yini kwenu okuse...Manje, nanzelela...Ziyekeleni zitshe, kulungile lokho, zizabhubha kungenani. Asi-asicabangeni lapha, leyi yi-leyi yinto e-eqotho.

296 UMose wenyukiswa eZulwini, uMose, esuswe emhlabeni wenyukiswa eZulwini futhi wabona i-altare likaNkulunkulu. Kunjalo na? Ngizama ukufakaza umbono wami lapha. Liyazi lokho engizama ukukwenza, alazi na? Kulungile. Wahamba phezulu eBukhloneni bukaNkulunkulu. Futhi lapho esehla eBukhloneni bukaNkulunkulu, wathi, Mo...uNkulunkulu watshela uMose, “Yenza yonke into emhlabeni kufanane laseZulwini.” Kunjalo na? Kulungile.

297 Manje, khona-ke lapho ekwenza, lapho esenza uMtshokotsho wesiVumelwano, wabeka amaKherubhi ukulinda umtshokotsho. Liyabona lokho okuyikho na? Kwakulithempeli...kwakuli altare, abalindi besiHlalo sobukhosi. AmaKherubhi amabili, Wathi “Abumbe ngethusi futhi ubeke impiko zawo zithintene njengalokhu,” ngoba yikho kanye akubona eZulwini.

298 Yikho kanye lokho uJohane akubona eZulwini, lawa amaKherubhi amane emaceleni omane omtshokotsho

wesiHlalo sobukhosi eZulwini. Ayengabalindi bomtshokotsho. AmaKherubhi, alinda esihlalweni somusa.

